# U-Octavia nabayisi-8

Ibhalwe nguJacqui L'Ange | Imifanekiso nguJulie Smith-Belton

Isilwane sasemanzini iNgwane, engu-Octavia sasihlala ehlathini lokhula lwasolwandle olubizwa ngokuthi yi-kelp, emanzini apholile, acwebile onqenqemeni logu lwase-Afrika.

Emini, wayephuma emgedeni wakhe wamatshe ukuze azontanta phakathi kwemicu yamaqabunga emide bese edlala emisebeni yelanga eyayivela phezulu.

Kwakunamakhorali anemibala egqamile endaweni ephansi enesihlabathi, kanye nemigede ethokomele okungacashwa kuyo. U-Octavia wayeyithanda ingadi yakhe, ngoba wayeneqhinga elikhethekile – wayekwazi ukushintsha umbala uhambisane nanoma yini ayephumule kuyo. Wayekwazi nokushintsha isikhumba sakhe ukuze sibukeke sifana namatshe amahhadlahhadla, noma ikhorali ecijile.

Lokhu kwakumenza ukuthi abe muhle kakhulu ekudlaleni umacashelana, ngoba abangani bakhe babengenakwazi ukumthola! Ngesinye isikhathi wayekwazi ukubacashela kahle kangangokuthi abangani bakhe babeze bakhathale ukumfuna bese bebhukuda baye kwenye indawo. Wayegijima abadlule bonke ngokufuqa amanzi ngemuva kwakhe.

Kodwa wayaye ame lapho esefinyelele onqenqemeni lolwandle.

Le kwakuyindawo lapho ulwandle lwalushona khona phansi kakhulu, ekujuleni okumnyama. U-Octavia wayekwesaba ukuya lapho.

"Ngithanda ukuba lapho ngikwazi ukubambelela khona kokuthile," watshela abangani bakhe abakhulu abayisishiyagalombili.


"Sehla kancane nje," kusho bona, "futhi njalo nje sibuye sibuye."

Kodwa noma babezama kangakanani, babengakwazi ukwenza u-Octavia ukuthi ahambe nabo. Wayehlala ebalinda onqenqemeni lolwandle, ebuka ukujula okumnyama aze abone ukukhanya kwabo kuvela endaweni emnyama.

Ngolunye usuku olwalunesiphepho, amanzi ayenyakaza ngamandla. Amagagasi amhlophe ashayeka onqenqemeni, kanti namaza angaphansi kwamanzi ayedudula utshani basolwandle buye ngapha nangapha, lokhu kwenza ukuthi kudanse ama-anemone.

U-Octavia wayobheka abangani bakhe eduze nonqenqema lolwandle – wazithola esekhalakathela!

Amaza amphonsa phansi ase emshwiba aphinde amshwiba futhi. Ngenxa yokwethuka, u-Octavia wakhipha uyinki omnyama bhuqe. Manje wayengasakwazi ukubona lutho – kanti wayengayekanga ukushwibeka kanye nokuwa. Zase zishaya ngamandla zontathu izinhliziyo zakhe, futhi kwase kungathi isisu sakhe siphendukele ngaphandle.



"Ngisizeni bo!" kukhala yena.



Emnyameni, wezwa okuthile kubambelela kwenye yezingalo zakhe. Yayigobile futhi ibushelelezi.

"Ngizokusiza!" kusho inkalankala enguKhalo.

"Nami futhi!" kusho uStella i-starfish, sinamathelisa ingalo yaso ecijile kwenye ingalo.

"Nami engingowesithathu!" kusho uPJ uhlobo lukashaka obizwa nge-pyjama shark.

Ngamunye ngamunye, abangani bakhe babhukuda bakhuphuka besuka endaweni emnyama, kanti yilowo nalowo kubona wayebambe ingalo yakhe. Umhlaba waqala ukuzinza manje. U-Octavia wababamba wabaqinisa wabavumela ukuthi bamhole bambuyisele engadini yakhe.

Bathola indawo ekahle, uRay wavula amaphiko akhe abanzi ukuze abavikele kumaza esiphepho, begonene bonke, bethokozile ndawonye.

Kanti-ke njengoba u-Octavia wayeneqhinga elikhethekile nje, kungaphelanga sikhathi esingakanani wawungasaboni ukuthi omunye umngani uqala kuphi bese abanye bephela kuphi!

# U-Octavia nabayisi-8

Ibhalwe nguJacqui L'Ange • Imifanekiso nguJulie Smith-Belton

## Imibono okungaxoxwa ngayo

U-Octavia wayesaba ukuya ngale kwalapho ulwandle lujule khona. Usaba ini? Yini ongayenza ukuze uzizwe kangcono lapho wesaba?

Sicela usixoxele ngesikhathi lapho wesaba futhi kwaba nomuntu noma into ethile eyakusiza.

## Ezibonakalayo

Iya kuleli phepha lomsebenzi: **https://nalibali.org/story-supplies/activity-sheets**

Sebenzisa isithombe sokugcina sendaba ukukusiza ukrayone abangani baka-Octavia.

## Ukufunda

Phinde ufunde indaba bese wenza uhlu lwazo zonke izinto ezitholakala olwandle.

## Ukubhala

Yenza incwadi engabhalwe lutho emise okwenhlanzi noma ucele umuntu omdala akwenzele. Bhala futhi wenze umfanekiso wendaba mayelana nokuphila kwangaphansi kolwandle encwadini. Noma udwebe izithombe bese ucela umuntu omdala ukuba akubhalele lokho omtshela kona.

## Umsebenzi wezandla

Penda ingaphakathi lebhokisi libe luhlaza okwesibhakabhaka bese wenza umhlaba omncane wangaphansi kwamanzi usebenzisa amasheli, amaphebhuli nezilwane zasolwande kanye nezitshalo okwenze ezintweni ezigaywe kabusha kanye nephepha elimibalabala.

## Ukusebenza

Yenza sengathi uyisilwane sasolwandle noma isitshalo sasolwandle: nyakaza njenge-kelp, bhukuda njengenhlanzi encane, bhukuda njengenhlanzi enkulu, hamba ngecele njengenkalankala bese uhamba phakathi namanzi njenge-silwane sasemanzini iNgwane.